**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LOKWAKHA UMGWAQO U-D883 EMANDENI MHLAKA 25 MARCH 2014.**

Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
UMeya wesiFunda seLembe, Cllr Mdabe;
UMeya womkhandlu waseMandeni, Cllr Zulu
Amakhansela wonke;
Izinhlaka zomphakathi zonke ngokwehlukana kwazo;
Izisebenzi zemiNyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Masiqale ngokubonga ukuthola leli thuba lokuba yingxenye yomcimbi obaluleke kangaka lapho sikhuluma ngezindaba zentuthuko emiphakathini yalapha eMandeni.

Lo mcimbi siwuthatha njengengxenye yezinhlelo zokubungaza iminyaka engamashumi amabili enkululeko nentando yabantu kulelizwe. Siwuthatha njengomcimbi lapho kumele sivumelane ukuthi ngempela iKwaZulu-Natal isiyindawo engcono kakhulu kunangaphambi kuka-1994.

Siwuthatha njengomcimbi lapho kumele sivume khona ukuthi nakuba sazi ukuthi siphuma esikhathini sobandlululo, kodwa likhona ithemba lokuthi sizogcina sifikile nakulabo abasasalele emuva ekutholeni impilo engcono ngokuphelele.

Kuningi-ke okwenza sibe naleli themba ikakhulukazi njengoba sivikelwa nawuMthethosisekelo wethu (i-Constitution) obalula ukuba sonke sibe namalungelo alinganayo ngaphandle kokucwasana ngebala, ubuhlanga, inkolo, ubulili njalo njalo.

Siyazi-ke ukuthi uma ukhuluma ngesikhathi esedlule lapha KwaZulu-Natal ngabe awuqedile uma ungakhulumanga ngodlame nokubulalana olabe luphakathi kwamalungu e-ANC ne-IFP. Konke lokhu sekufana nephupho manje njengoba sesihlalisene ngokuthula.

Abantu balapha eMandeni bangofakazi balokho. Nami nje engake ngathunywa ukuba ngigqugquzele kule ndawo ngisazi kahle isimo esake sabhekana nabantu baseMandeni.

Ngachitha iminyaka eminingi lapha, futhi isimo ngaleso sikhathi sabe sinzima njengoba sabe singaphansi kobandlululo futhi ne-ANC ivalwe umlomo, abaholi abaningi besekudingisweni, abanye besemajele.

Nakuba zisekhona izindawo ezimbalwa ezisalokhu zisiphazamisa lapha nalaphaya, kodwa siyabona ukuthi uHulumeni nezakhamuzi zalesi sifundazwe sebesebenze kanzima ukutshala umoya wokuthula nozinzo emiphakathini eminingi.

Phela sihlale sisho ukuthi isisekelo sokuba nempilo engcono ngukuba nokuthula, intando yeningi nentuthuko.

Yingakho-ke namhlanje sesikwazi ukusho ngeqholo sithi iKwaZulu-Natal isiyindawo engcono ukuhlala kuyona kunangaphambi kuka-1994.

Kuyasijabulisa ukuthi namhlanje ngaphansi kwalo Hulumeni oholwa yi-ANC abantu sebakhelwe izindlu, bakhelwa imitholampilo, bakhelwa izikole, bahlinzekwa ngamanzi ahlanzekile, bahlinzekwa ngogesi futhi bathola imigwaqo eyitiyela namabhuloho okuwela imifula.

Ukugubha kwethu le minyaka engu-20 kwazuzwa inkululeko, kungenxa yokuthi lo Hulumeni kaKhongolose wathatha isinqumo sokuthi abantu bahlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuze ingabi bikho ingane elala ingadlile.

Siyazi ukuthi baningi abanye ababesigxeka ngale mali besho izinto ezahlukene.

Ngaphansi kwalo Hulumeni waKwaZulu-Natal, sekube nokwenyuka ngo-80% kwezikole okufundwa kuzona mahhala neziphakela abafundi ababalelwa ku-2.1 million ukudla okunempilo khona ezikoleni.

Isibalo sezikole okufundwa mahhala senyuke safinyelela ku-4 739 ngonyaka odlule ka-2013, ezikoleni zomphakathi ezingu-6 009 esifundazweni.

Lolu hlelo luhambisana nokuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nendlala nobubha emiphakathini ebonakala intula kakhulu.

Lapha KwaZulu-Natal sikwazile ukwenza ngcono imiphumela ka-Grade 12 isuka ku-57.8% eminyakeni emihlanu edlule yafinyelela ku-77.4% ngonyaka odlule ka-2013.

Ngenxa yakho futhi ukuba yisifundazwe esinakekelayo kanti sinabantu abaningi abampofu, kule minyaka edlule sibone zenyuka izibalo zabahlinzekwa ngemali yesibonelelo.

Njengamanje sikhuluma ngabantu ababalelwa ku-3.7 million abathola izibonelelo esifundazweni kanti ngonyaka ka-2000 babebalelwa ku-613 000.

Kumele siwuhalalisele futhi uHulumeni wethu ngaphansi kobuholi bukaKhongolose ngokuzibophezela hhayi nje ngokulwa nokucwasa okubhekiswe kwabesifazane, kodwa nangokubavulela amathuba okuthuthuka kuyo yonke imikhakha nabo babe ngabaholi abahlonishwayo.

Odabeni lokuphepha, siyazi ukuthi baningi abantu abasalokhu beba yizisulu zobugebengu.  Siyazi futhi ukuthi izigebengu zingagcina

seziwubuyisela emuva umsebenzi omuhle esesiwenzile kule minyaka yentando yeningi.

Yingakho-ke ngaphansi komNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesikwazile ukwakha izinhlelo eziningi zokulwa nobugebengu ikakhulukazi ngaphansi kombimbi lokulwa nobugebengu esithi, i-United Front Against Crime.

Ngakolunye uhlangothi futhi, uHulumeni walapha KwaZulu-Natal kule minyaka edlule usungule uhlelo lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Mphathi wohlelo, kuye kube yishwa ukuthi ezinye zalezi zinto esesizizuzile kule minyaka engu-20 zenze ngenxa yamagalelo abafowethu nodadewethu asebesishiyile emhlabeni.

Namhlanje singumNyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sithe masizokwethula uhlelo lokufakwa kwetiyela emgwaqeni u-D883 ozosiza kakhulu umphakathi waseNdulinde.

Lo mgwaqo uzokwenza kube lula ukuxhumanisa umphakathi wakule ndawo nomphakathi waseShowe futhi kuzokhula nomnotho wakule ndawo.

Ngifisa ukudlulisa ukubonga kumfowethu uCebolenkosi Mfekayi owayenguSomlomo walapha eMandeni noNhlakanipho Msomi obeyikhansela kule-wadi, ukuthi noma bengasawubonanga lo msebenzi, kodwa ngiyalazi igalelo abalenza begqugquzela ukuba kulungiswe lo mgwaqo.

Bobathathu, uMfekayi, uMsomi noSiyabonga Mbelu, obesebenza ehhovisi likaMeya, babengamashoshozela entuthuko kule ndawo ngakho kumele uma sihlangene kanje siluphakamise igama labo.

Okwasiphatha kabi kakhulu futhi njengomNyango kwaba ngukuthi adlule emhlabeni ngengozi yomgwaqo.  Yingakho ngithi lo msebenzi walo mgwaqo siwunikela egameni labo.

Lo mgwaqo esiwakhayo ungu-23 kilometres ubude sizotshala kuwo imali engu-R208 million.  Kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi amaningi azovela kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono agcina esebasiza uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi.

Maningi-ke namanye ama-project esesiwenzile kule ngxenye yesifundazwe okungashona ilanga uma siwabala lapha ngaphansi kweLembe.

Uma sibheka imisebenzi emikhulu esithi ama-capital project asetshenzwayo kule District yeLembe nje singabala:

- P104 eNdwedwe esifake kuwo u-R185 million;
- P100 eNdwedwe esitshale kuwo u-R452 million;
- D1514 eNdwedwe owabelwe u-R105 million;
- P712 eNdwedwe owabelwe u-R264 million;
- D865 eNdwedwe esiwunike u-R74 million;
- P714 eNdwedwe othole u-R310 million;
- P711 KwaMaphumulo esifake kuwona u-R299 million; kanye no
- P15-1 onikwe u-R153 million.

Isiyonke imali esesiyifakile kwingqalasizinda yomgwaqo kule minyaka emihlanu edlule ngaphansi kweLembe ibalelwa ku-R838 million.

Sesihlelile futhi ukuthi eminyakeni emithathu ezayo kuphela sizofaka imali ebalelwa ku-R708 million.

Mphathi wohlelo, ngiyafisa ukusho lapha phambi koMeya ukuthi umgwaqo u-P 415 lo osuka etollgate ubheke olwandle, kumanje siwufakile ezinhlelweni zethu.

Ngesonto elizayo laba abahlola imigwaqo, bazoqala bezocubungula ukuthi uzoma kanjani kodwa sesiyazi ukuthi ungamakhilomitha amane nje kuphela. Okuhle ngalo mgwaqo wukuthi uzokwazi ukuvula amathuba ezokuvakasha nomnotho njengoba uhamba uze ufike olwandle.

Yimisebenzi efuze le eshintsha izimpilo zabantu, eyenza thina sithathe isinqumo sokuthi uMengameli uMsholozi siqhubeke nokumeseka. Sizomeseka phezu kwemibiko yabo oMadonsela ngoba akukho lapho ethe kukhona umthetho awephulile uMengameli. Kunalokho uMsholozi uyena Mengameli oqhamuke nohlelo lokuthuthukisa izindawo zasemakhaya nohlelo lezwe iNational Development Plan (NDP). UHulumeni ka-Khongolose kuphela oqhamuke nomhlahlandlela wokuthuthikisa izwe lethu – njengoba siya okhethweni mhlaka-7 May.

Uma silapha futhi eMandeni kumele sikugcizelele ukuthi kule minyaka engu-20 edlule sesibe nososeshini bamatekisi abangu-246 esifundazweni.  Kulabo soseshini sesikwazile ukugcina ukuthula nozinzo ngaphandle kwabambalwa abasalokhu bephuma endleleni, ngeshwa okukhona kubona neMandeni.

Sihlale sikugxeka ukubulalana kwabantu kule mboni, kodwa kusixake kakhulu okwakamuva lapho sibone sekubulawa nabesifazane imbala.

Kade ngikhona lapha ngihambisana noMeya, safike sasayina isivumelwano sokubambisana ekutheni silungise isimo kule ndawo futhi siqede lo mkhuba wabantu abasebenza ngezimoto ezingenazimvume.

Sengiphetha, ngithatha leli thuba ukuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni ngo – 7 May 2014, sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho.

Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo ezingeni labalandeli.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho.  Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho.

Umuntu owenza lokho kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Sengathi ningaphuma nonke mphakathi waseMandeni niyekovota ngobuningi benu futhi niziphathe kahle.

Ekugcineni, njengoba sibheke ePhasikeni siyaninxusa mphakathi ukuba nibhukule nibe yingxenye yomkhankaso wokugwema izingozi zomgwaqo ngalesi sikhathi.

NgeSonto kade ngiye eKokstad lapho bengihlangene khona nemindeni yabantu abangu-9 abashone kwinhlekelele yengozi eyenzeke khona uma kushayisana iloli neveni.

Uma ufika umgwaqo awunalutho bese ubona nje ukuthi ubudedengu babantu obenza ukuthi kube nabantu abaningi kangaka abashona emgwaqeni.

Asihlanganyeleni sizwe sithuthukise iKwaZulu-Natal nezwe lakithi i-Ningizimu Afrika ukuze iye phambili.

**Ngiyabonga.**